# Mayiyeke i-ANC ukugovuza isimo esiqeda ukuthula Kwazulu-Natal

MHLELI: Ngiphawula ngiqhubeka lapho ngangigcine khona maqondaba nokwakuphume kuMafrika mhlaka 31 January 2003 lapho iqembu le ANC lalikhiphe isihloko esithi *OKUXOVA UMOYA KWEZEPOLITIKI KWAZULU NATAL*.

Kulokhu umbhali ayekusho wachaza ukuthi akuphelele kodwa useyokuqedela kuMafrika womhlaka 7 February 2003, okuningi okwakushiwo yiqembu leANC ngesifundazwe saKwaZulu-Natal sengalubeka uvo lwami ngaveza iqiniso kumphakathi hhayi okushiwo nguKhongolose ekhohlisa umphakathi ewutshela ethi kunokushuba komoya KwaZulu-natal, kube kunguye ophehla lesosimo ngoba ehluleka ukufeza izifiso zakhe.

Ukungabekezelelani kwamaqembu KwaZulu-Natal kudalwa yiyo iANC ngoba ingazizwa kahle ngoba kuphethe iqembu leNkatha eliyibukela phansi. Lokhu kudala ukuthi iANC ingabinaso isithunzi emphakathini ngoba uma udelela uyihlo noma umphathi wakho awuhlukene nehlongandlebe.

Yonke lento i-ANC eyisho maqondana nemihlangano eyayingaphumeleli phakathi kwayo neqembu leNkatha sekungukubhodlela emswanini izama ukuba umphakathi uzwelane nayo ngento engekho.

Umphakathi awusoze waqhubeka ulalele imbudane njengoba iANC kudala yaqala iwuthembise izulu nomhlaba yenzela kuphela ukuba ibesemandleni bese iqhumuza imali yabakhokhintela, ibe ingabenzeli lutho.

Namanje ngisaphinda ngithi iANC mayiyeke ukukhankasa ngamanga njengoba yakwenza phambilini, sesiyayazi. Izibopho zodlame oselwadlula wonke amaqembu azibophezela ngazo, akusiyo yodwa eyenza lokho, iyangimangaza uma isikhohlwa izethembiso nokulwa nobuphofu.

Izigatshana maqondana nomthetho wamalunga ePhalamende wokugcogcoma nezihlalo, kwayiswana ezinkantolo kwehliwa kwenyukwa wehluleka uKhongolose ngoba kwacoshakala ukuthi lowomthetho wawungahlelekile, nanokuthi wawunobuqili obuningi.

Akusilo iqiniso uma iANC ikhuluma ngamalunga ayisihlanu aqembuka emaqenjini awo, ukuthi kwabakhona ukuzwelana maqondana nesigatshana sefloor-crossing, kodwa kwayiswana kwehliswana eziNkantolo ngapha nangapha waguqa ngophondo uKhongolose. Ulimi oluvutha umlilo lophuma silwe luyekeni bakwethu, iqembu leNkatha lishumayela ukuthula kanye nazozonke iziqubulo zentuthuko. Nikezelani izidingo emphakathini ukuze mhlawumbe univotele kulolukhetho oluzayo luka 2004.

Charles Cele
Durban

# Mawayekwe phansi amakhosi

MHLELI: Ngithi ake ngiphawule ngodaba olwaphuma ephepheni iKZN News yangomhlaka 28 January 2003, Mhleli ngifuna ukwazi lokhu okubatshazwa nguMnuz. Bheki Cele weqembu likaKhongolose ukuthi:

*Ukhuluma ngaziphi izinhloso aMakhosi asetshenziswa i-IFP ukuzifeza?
*Kanti i-IFP ihloseni?
*Yiziphi izinhloso eziqhutshwa ngamakhosi zeIFP, enzani Amakhosi?
*Amakhosi yini le ayenze kabusha eyaziwa nguBheki Cele weANC?
*Uma uBheki Cele kunento emshisayo uyimbandakanya kanjani leyonto neqembu laNkatha?

Ngithanda ukukhumbuza uMnuz. Bheki Cele weANC ukuthi Amakhosi ayisakhiwo esidala sesizwe. Amakhosi amisa lesizwe kunzima siphethwe yingcindezelo kaHulumeni omdala.

Indaba yokubukelwa phansi kwaMakhosi nguMnuz. Bheki Cele ehlangene neqembu lakhe iANC, abazalwa ekhona ibuhlungu kithi abaseNingizimu Afrika.

Uma uBheki Cele weANC eqonde ukulwa neqembu leNkatha, akalwe abhekane nalo ngqo, ayeke ubukhosi eceleni.

Lauretta Ngcobo (Durban)

# Siyacasula lesitayela esisha esifikile

MHLELI: Kungiphatha kabi lokhu okwenziwa ozakwethu besifazane uma bekhulelwe, ufica umuntu egqoke isiketi esibeke eqolo efake nesincane isikibha kumbe ishethi lapho isisu nenkaba kuzihlalele obala.

Sekuvele umugqa omyama okhomba ukuthi lomuntu ukhulelwe phela. Hawu !! bakithi kodwa yini ukuthatha izinto ezingamahlazo sizenze izitayela. Lomuntu uzodlula phakathi kwalabantu abadayisa imithi lapha edolobheni ,uma umuntu esezala isidalwa kube sengathi amabhadi kanti cha akakwazanga ukuzihlonipha.

Ingakho kuqala kwakuthiwa kufanele umuntu azihambe zonke iziteji zempilo ngesikhathi ngoba into eyenza lokhu ukuthi umuntu uthi esathanda ubuntombi lapho enzakhona zonke izitayela ebe ephuthuma futhi ubumama kanti bona buyahlonishwa awugqoki noma ikanjani .

Asihlukanise bakwethu kuze singabi insini njalo ezweni ikakhulukazi thina bantu besifazane.

Thulile Mbutha
eMlazi

# Imibono / Reader's Views

Leliphephandaba elethu sonke ngakho kuyilungelo lakho ukubeka owakho umbono. Bhalela umhleli uthi KZN Newspaper 204 Teachers Centre, 113 Albert Street, Durban, 4001

## Inkohlakalo eMnyangweni wezeZindlu KwaZulu-Natal

MHLELI: Kuyadabukisa ukuzwa izindaba zenkohlakalo eMnyangweni wezeZindlu ekubeni kuyithinandlu empisholo edinga kakhulu izindlu, kuyaziwa futhi kuyiqiniso ukuthi indaba endala yenkohlakalo yokudayiswa kwemixhaso.

Iziphathimandla zaloMnyango ziyazi ngalenkohlakalo kodwa bonke ubufakazi obuvezwa abantu abasuke behlukumezekile ngalento bushaywa indiva, ngoba inkohlakalo yenziwa izikhulu ezithize zeqembu.

Kusetshenziswa izikhulwana eziseınazingeni aphansi ezinamandla asabekayo, okuyizona ezazi wonke umuntu.

Ezindaweni ezifana no Mayville, Chacsterville, iNanda, Verulam nezinye eziningi awuyitholi indlu lingekho ikhadi lenhlangano eyenza lamanyala izenza isoka elingenasici, kanti kuyanuka phu amanyala eliwenzayo liwenza kubantu abazihluphekelayo.

Izikhulu zicashile kodwa iqiniso ukuthi nazo ziyadla, kuxhashazwa abantu abahluphekayo, kungaba yinto enhle uNgqongqoshe uNgcobo afake uphenyo olunzulu kuloMnyango. Sicela noMantshinga uMhlonishwa uNdunankulu wesifunda alekelele kuphenywe ngisho nokuthi amathenda ayetholwa ngobani kanjani. Kuningi okushaya amanzi lapha eThekwini namaphethelo, izindlu ziyadayisa ezinye ziyaqashiswa kwenziwa ibhinizisi egameni lezihluphek zakithi.

Izikhulu ebeziphethe loMnyango intuthuko beziyenza ngekhadi lenhlangano ethile siyacela kubaba uMhlonishwa uNgcobo ukuba angenzi amaphutha enziwe abangaphambili ngokuthatha imali yabakhokh bentela bayenze. sengath eyehlangano ethile.

Uma kuphenywa sicela kuqalwe eMayville, Chesterville Inanda, Verulam lapha eThekwini futhi sicela kuphenywe iKhomishane ezimele ezoqoqa bonke ubufakazi ngalomgunyathi

Bonga Nzuza
eThekwini

## Mayiyeke i-ANC ukugovuza isimo esiqeda ukuthula Kwazulu-Natal

MHLELI: Ngiphawula ngiqhubeka lapho ngangigcine khona maqondaba nokwakuphume kuMafrika mhlaka 31 January 2003 lapho iqembu le ANC lalikhiphe isihloko esithi *OKUXOVA UMOYA KWEZEPOLITIKI KWAZULU NATAL.*

Kulokhu umbhali ayekusho wachaza ukuthi akuphelele kodwa useyokuqedela kuMafrika womhlaka 7 February 2003, okuningi okwakushiwo yiqembu leANC ngesifundazwe saKwaZulu-Natal sengalubeka uvo lwami ngaveza iqiniso kumphakathi hhayi okushiwo nguKhongolose ekhohlisa umphakathi ewutshela ethi kunokushuba komoya KwaZulu-natal, kube kunguye ophehla lesosimo ngoba ehluleka ukufeza izifiso zakhe.

Ukungabekezelelani kwamaqembu KwaZulu-Natal kudalwa yiyo iANC ngoba ingazizwa kahle ngoba kuphethe iqembu leNkatha elivihukela ingabinaso isithunzi emphakathini ngoba uma udelela uyihlo noma umphathi wakho awuhlukene nehlongandlebe.

Yonke lento i-ANC eyisho maqondana nemihlangano eyayingaphumeleli phakathi kwayo neqembu leNkatha sekungukubhodlela emswanini izama ukuba umphakathi uzwelane nayo ngento engekho.

Umphakathi awusoze waqhubeka ulalele imbudane njengoba iANC kudala yaqala iwuthembise izulu nomhlaba yenzela kuphela ukuba ibesemandleni bese iqhumuza imali yabakhokhintela, ibe ingabenzeli lutho.

Namanje ngisaphinda ngithi iANC mayiyeke ukukhankasa ngamanga njengoba yakwenza phambilini; sesiyayazi. Izibopho zodlame oselwadlula wonke amaqembu azibophezela ngazo, akusiyo yodwa eyenza lokho, iyangimangaza uma isikhohlwa izethembiso nokulwa izigatshana maqondana nomthetho wamalunga ePhalamende wokugcogcoma nezihlalo, kwayiswana ezinkantolo kwehliwa kwenyukwa wehluleka uKhongolose ngoba kwacoshakala ukuthi lowomthetho wawungahlelekile, nanokuthi wawunobuqili obuningi.

Akusilo iqiniso uma iANC ikhuluma ngamalunga ayisihlanu aqembuka emaqenjini awo, ukuthi kwabakhona ukuzwelana maqondana nesigatshana sefloor-crossing, kodwa kwayiswana kwehliswana eziNkantolo ngapha nangapha waguqa ngophondo uKhongolose. Ulimi oluvutha umlilo lophuma silwe luyekeni bakwethu, iqembu leNkatha lishumayela ukuthula kanye nazozonke iziqubulo zentuthuko. Nikezelani izidingo emphakathini ukuze mhlawumbe univotele kulolukhetho oluzayo luka 2004.

Charles Cele